# Isikhathi sikaKhisimusi sesifikile

IsiZulu

Pitsi Ragoasha



# Isikhathi sikaKhisimusi sesifikile

Ibhalwe ngu Pitsi Ragoasha
Kufanekiselwa ngu Siyasanga Madyibi



Kuhunyushwe ngu Samkelisiwe Nyathi

Erenki yakwaMkhize



Kukhona umoya weholide ogelezayo yonke indawo njengoba kujwayele ukwenzeka ngalesi sikhathi.

USonto nezingane zakhe bame kulayini erenki yamatekisi nabanye abantu abalinde amatekisi aya edolobheni.

USonto nezingane zakhe bazothenga izimpahla zikaKhisimusi kanye nokudla.

Babengalindele ukuthi bangathola abantu abaningi kangaka erenki yamatekisi.

Bazominyaniswa etekisini ngoba bafuna ukufika kusenesikhathi edolobheni.

Abashayeli bamatekisi ababonakali bekhathazwa abagibeli abaminyene, okubakhathaza kakhulu ukuqoqa imali kubo.



Kunezixuku ezinkulu zabathengi bakaKhisimusi abahlangana edolobheni namuhla.

Ngaphakathi ezitolo eziningi kunemihlobiso enemibala elenga ezihlahleni zikaKhisimusi.

Abanye abasizi bezitolo bagqoke ama-ovaloli nezigqoko ezinombala obomvu nomhlophe banentshebe enkulu emhlophe.

Izingane zika Sonto zijabule ukubona uBaba uKhisimusi, kodwa ezinye izingane ziyamesaba.

USonto naye uyajabula ukubona izingane zakhe zidlala noBaba Khisimusi, kodwa isikhathi sazo sifushane kakhulu namhlanje.

Kuningi okufanele bakwenze ngaphambi kokuvalwa kwebhizinisi.


R100
R20

Abasizi basesitolo bajabule futhi badlala izinsimbi ezahlukahlukene phezukwalokho; bazama zonke izinhlobo zobuqili ukuheha abathengi.

Abanye bayamemeza bethi, “Ngena ngaphakathi, sinamanani amahle kakhulu, uma uthenga izinto ezimbili, uzothola eyodwa mahala.”

UBaba Khisimusi ugona izingane azithathe aye nazo ezitolo lapho azinika khona izipho namaswidi.

USonto uzama ukunciphisa isikhathi izingane zakhe ezifuna ukusichitha noBaba Khisimusi kodwa banamathele kuye.

Bayakujabulela ukudlala noBaba Khisimusi futhi bakhohlwe ngokuphelele ukuthi kungani beze edolobheni.

USonto kudingeke ukuthi ancenge umphathi ukuthi afihle uBaba Khisimusi ngemuva kwesitolo ukuze izingane ziphume esitolo.


Geza

USonto manje wabona ukuthi kungani izingane zazizimisele kangaka ukuza naye edolobheni.

Lokhu kungengxa yokuthi babehlala bezwa ezinye izingane zibatshela izindaba eziningi ngoBaba uKhisimusi.

USonto manje usengaphansi kwencindezi ngoba kuningi okusamele akwenze.

Kakhulu ngoba akakwazi ukuhamba ngokushesha ngenxa yobuningi babathengi emigwaqweni.

Izingane zishayisana nabanye abantu ngezikhathi ezithile noma zivele zisalele emuva lapho ukunaka kwazo kudonswa okuthile.



Ngemuva kokuphuma esitolo sokuqala, uSonto nezingane baya esitolo sezicathulo. Ngesikhathi esejahile, ucishe walahlekelwa yingane bengakafiki esitolo.

Ngesikhathi bewela emarobhothini nezingane, enye ingane ibone amarobhothi esebomvu yabe isigijima ibuyela emuva.

USonto wazi emarobothini wesibili ukuthi uSihle ulahlekile.

Amaphoyisa omgwaqo amthole elahlekile futhi edidekile; amthatha, amyisa etendeni lawo.

Ngenhlanla, bathola izinombolo zikamakhalekhukhwini zikaSonto ephakethini lakhe, base bemshayela ucingo.



Izinto ezininingi ezimangazayo nezingakholeki zenzeka edolobheni ngesikhathi samaholide.

USizakele nomyeni wakhe nabo bafikile edolobheni nezingane zabo.

Kuthe sebekhathele ukuhambahamba nezingane zabo, bathatha isinqumo sokuzivalela emotweni, bazishiya lapho.

Bekuwusuku olushisa bhe, kanti ukushisa okungaphakathi emotweni bekubeka impilo yezingane engcupheni.

Izingane bese zijuluke kakhulu, zihefuzela kwazise bezibhajwe emotweni.

Lapho uSonto ebona abantu beqoqene bezungeze imoto, walunguza ngefasitela wangakukholwa akubonayo.



USonto akachithanga sikhathi, wavele wabiza amaphoisa.

Amaphoyisa afike ngokushesha, baphihliza amawindi emoto, badedela izingane emotweni.

USonto wayethukuthele engathi ngezakhe lezingane.

Ucele amaphoyisa ukuthi avule icala lokuhlukunyezwa kwezingane, wavuma ukuba ngufakazi omkhulu.

Ngesikhathi uSizakele nomyeni wakhe uSizwe bebuyela emotweni, bahlaselwa yisixuku sabantu ebesiqoqele imoto.

Ngenhlanhla amaphoyisa ayesekhona. Ngakho-ke, bakwazile ukubatakula, ngemuva kwalokho, bababopha.



Esitolo sezicathulo esibizwa ngeSiyahamba, kwakunabantu abaningi.

USonto nezingane zakhe nabo bazikhame bangena esitolo.

UNana noBafana bajabule kakhulu ngoba bathole izicathulo abakade bezifuna.

UThando noSihle babedabukile ngoba izicathulo ababezifuna zithengiwe.

USonto wabanengcindezi ngoba ubecabanga ukuthi zonke izingane zizothola izicathulo kulesi sitolo.

Manje akasazi ukuthi angazibheka kuphi izicatulo njengoba ezinye zezingane zingatholanga izicathulo zazo kulesi sitolo.

# Izicathulo Zakho



USonto ucindezeleke kakhulu. UThando naye ukhathazekile ngoba akatholi usayizi ofanele ezicathulweni azithandayo.

Ngasikhathi sinye, umuntu osebenza esitolo uyaphikelela ukuthi uSonto akhethele izingane ezinye izicathulo.

Lapho izicathulo zincane kakhulu kuThando, umuntu osebenza esitolo uthi zizomlingana ngemuva kwesikhathi esithile njengoba ezozigqoka.

Uma usayizi umkhulu uthi uSonto angakhathazeki, zilungile ngoba izingane zikhula ngokushesha.

Bonke abasebenza esitolo babonakala bekhathalela kuphela ukuthi abantu bathenge, abanendaba nokuthi uSonto nezingane zakhe bafuna izicathulo zikaKhisimusi.


Big
Book

Esitolo samatoyizi esibizwa ngeSiyakhula naso bekugcwele.

Abasebenza esitolo bame emnyango badlala zonke izinhlobo zezinsimbi ukuze badonse amehlo abathengi, babatshele ukuthi kuthengiswa amathoyizi.

Amathoyizi amaningi anelebula lesaphulelo esingamaphesenti angamashumi amahlanu.

Abantu abaningi bakholelwa ukuthi impela amathoyizi ayathengiswa ngenani eliphansi, kodwa uSonto akakholwa.

Ubonile ukuthi intengo ekhonjiswa kumathoyizi ayihlukile kunamanani aboniswa ekuqaleni konyaka ngenkathi evakashele lesi sitolo.

Izingane azikhatazeki ngamanani entengo, bavele bathathe amathoyizi abawathandayo bawafake enqoleni noma ngabe umama wabo ebadikibalisa.


Elangeni
SIYAKWAMUKELA
WAMKELEKILE
ESITOLO

Esitolo esasibizwa ngeHalala kwakuxokozela.

Abasebenza esitolo batshelwe ukuthi abavumeli izingane ezineminyaka engaphansi kweyishumi ngaphakathi esitolo.

Kwamthukuthelisa lokho uSonto.

Abasebenza esitolo bazama ukumnika izizathu zokuthi kungani isitolo sithathe leso sinqumo.

Kepha wabhekana nomnikazi wesitolo wambuza ukuthi uwuthathaphi lomthetho.

Umnikazi ugcine evumele uSonto nezingane ngaphakathi esitolo.

Bonke abanye abantu nabo bakusebenzisa lokho futhi bangena nezingane zabo.



Indawo ethandwa kakhulu ngabantu abaningi ngesikhathi samaholide kungamapaki.

Ngesikhathi samaholide, amapaki agcwele abantu abazele ukuzophumula bazijabulise.

Abantu abaningi baya kulezi ndawo ukuyophumula lapho sebekhathele ukuhambahamba edolobheni.

Baphumula otshanini obuluhlaza ngaphansi kwemithunzi yezihlahla ezihlotshiswe ngemihlobiso kaKhisimusi enemibala.

Ngakolunye uhlangothi lwepaki kunezihlahla ezibheke echibini lamanzi.

USonto nezingane zakhe nabo baye epaki ledolobha bayozipholela bazijablise.



Wonke umuntu wayephumule futhi ejabulela izoso, babedla, bephuza bezijabulisa.

Izingane zazigijima zizungeze ipaki futhi zihwiba enjabulweni yokujikeleza, kanti ezinye zazigxumela phezulu enqabeni egxumayo.

Izingane zikaSonto zisheshe zajoyina imidlalo yezingane futhi zazigxuma zisuka komunye umdlalo ziye komunye, ziye ukujoyina labo ababedansela umculo onomsindo owawudlala epaki.

Ezinye izingane bezikwazi kahle ukudansa, kanti ezinye bezigxuma zingahambisani nomculo. Izingoma ezidumile ezifana ne"Jerusalema" zadlalwa ngokuphindiwe.



Onogada bakuleli paki nabo baqaphe ngeso lokhozi ukuqinisekisa ukuthi imicimbi kaKhisimusi iphephile.

Baqaphile ukuqinisekisa ukuphepha kwezingane nokubeka amasela nokuvimbela ukuphuza ngokweqile.

USonto wayebuye akhathazeke ngokuphepha kwezingane ezazidlala ngokujabula eduze kwamachibi okubukuda.

Lapho ebona kuthi izingane eziningi zazenzani njengoba zazidlala eduze kwamachibi okubukuda ajulile wakhathazeka kakhulu.

Ekugcineni ubizele ndawonye abazali ukubazisa ngobungozi bezingane ezidlala eduze kakhulu namachibi.

Ubakumbuze ukuthi izingane eziningi zilahlekelwe yizimpilo zazo ngezikathi zamaholidi lapho zijabule kakhulu.


TAXI RANK
NIBE
NOHAMBO
OLUHLE

Selizoshona ilanga namabhasi namatekisi aseqala ukulayisha abantu ababuye ngawo abuyele emakhaya.

USonto nezingane zakhe nabo baphethe umthwalo wabowokuthenga baya erenki yamatekisi.

Izingane sezizijabulele kakhulu kangangoba zize zifise nokuhlala edolobheni unomphela.

USonto ufuna ukufika ekhaya kusenesikhathi ukuze aqale ukuhlanza, futhi apheke kwazise balindele izivakashi kusasa.

# UKUBONGA


**Ibhalwe ngu**
Pitsi Ragoasha

**Kufanekiselwa ngu**
Siyasanga Madyibi

**Mhleli 1**
Pandelani Claudine Rambau

**Mhleli 2**
Isabel Seakamela

**Mhleli 3**
Irene Masemola

**Umklami**
PixelPing Design

**Umhumushi**
Samkelisiwe Nyathi

**Umqinisekisi Wekhwalithi**
Patricia Siweya



ISBN 978-0-638-00746-6

basic education
Department:
Basic Education
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

2030 NDP

NATIONAL READING COALITION
LET'S GET SOUTH AFRICA READING

NATIONAL EDUCATION COLLABORATION TRUST